



## You can read anywhere!

**May is Get-Caught-Reading Month! It's the month when we remind ourselves and others that reading is part of our daily lives. Reading for pleasure is something we can do anywhere and anytime!**

Here are some ideas that communicate the "reading is part of our lives" message for you to try out this May.

1. Spend just 15 minutes a day reading storybooks aloud to your children. Make it a relaxed and enjoyable time. When your children realise that stories can be found in books, they will try to read for themselves. Good readers at school are often the children who read at home with family and friends.
2. Many parents and grandparents set aside a special time every day to read to their children or grandchildren. They

often choose to do this at bedtime, but some children may find it easier to concentrate at other times of the day. This month, try reading together at different times of the day, as well as at your usual time. For example, you could try reading to your children when you get home from work, after bath time, immediately after supper, or first thing after you wake up over a weekend!

3. Where do you usually read? What is the most unusual place you can think of to enjoy a book? This month try reading to your children in different places. Read to them on the way to school in the taxi or bus, or when they are in the bath. Over a weekend, when you have more time, go for a walk together in a park, at the beach or in the mountains, and take some books and a blanket with you. As you walk along, look out for a nice reading spot – then settle down on the blanket, relax and read!

4. Weave books and reading into the everyday conversations you have with friends, family and work colleagues. Start the conversation by talking about a book that you are enjoying at the moment or have enjoyed before. Then invite others to talk about what they are reading at the moment or have read recently.

5. The easiest way to encourage others to read, is simply by being a reading role model yourself – when you regularly read for enjoyment, you show others that reading is a worthwhile leisure activity. So, this May don't forget to get caught reading!

Let's use this month to encourage others to connect or reconnect with reading – whether that means reading a novel, a picture book, a biography, poetry, a blog, or just their favourite magazine or the sports pages in the newspaper!

## Ungakwazi ukufunda noma kuphi!

**UNhlaba yiNyanga Yokutholakala Ufunda! Yinyanga lapho sizikhumbuza khona nabanye ukuthi ukufunda kuyingxeny yempilo yethu yansuku zonke. Ukufundela ukuzithokozisa yinto esingayenza noma kuphi noma nini!**

Nayi eminye imibono eyedlulisela kuwe umyalezo othi "ukufunda yingxeny yempilo yethu" ukuthi uyizame ngalo Nhlaba.

1. Chitha imizuzu eyi-15 nje ngosuku ufundela izingane zakho kuzwakale izincwadi zezindaba. Yenza kube yisikhathi esikhululekile nesithokozelekayo. Uma ngabe izingane zakho zibona ukuthi izindaba zingatholakala ezincwadini, zizozama ukuzifundela ngokwazo. Abafundi abahle esikoleni bavamise ukuba yizingane ezifundayo ekhaya nomndeni kanye nabangani.
2. Abazali abaningi kanye nomkhulu nogogo babeka eceleni isikhathi esikhethile nsuku zonke ukuze bafundele izingane noma abazukulu babo. Imvamisa bakhetha ukukwenza lokhu sekuzolalwa, kodwa ezinye izingane zingase ziithole kuludlana ukunamathela kwezikwenzayo ngezinye izikhathi zosuku. Kule nyanga, zamani ukufunda ngokuhlanganyela ngezikhathi ezahlukene zosuku, kanjalo nangesikhathi enisejwayele. Ukwenza isibonelo, ungazama ukufundela izingane zakho uma ufika ekhaya uvela emsebenzini, ngemuva kwesikhathi sokugeza, ngemuva kancane nje kwesidlo sakusihlwa, noma kube yinto yokuqala ngemuva kokuba uvukile ngempelasonto!
3. Ngabe uwayele ukufunda kuphi? Iyiphi indawo engajwayelekile kakhulu ongayicabanga lapho ongathokozela khona incwadi? Kule nyanga zama ukufundela izingane zakho ezindaweni ezahlukene. Zifundele niseleleni ebheke esikoleni nisetekisini noma ebhasini, noma ngenkathi zigeza. Ngempelasonto, lapho kunesikhathi esiningana, hambani ndawonye epaki, ebhishi noma ezintabeni, uthathe izincwadi ezithile

kanye nengubo yokulala. Ngesikhathi uzihambela nje, bheka indawo enhle nje yokufunda – emva kwalokho hlala phezu kwengubo, ukhululeke bese ufunda!

4. Hlanganisa izincwadi kanye nokufunda nezingxoxo zansuku zonke oba nazo nabangani, umndeni nabalingani emsebenzini. Qala ingxoxo ngokukhuluma ngencwadi oyithokozelayo oyifundayo njengamanje noma oke wayithokozela phambilini. Emva kwalokho mema abanye ukuthi baxoxe ngabakufundayo njengamanje noma abasanda kukufunda.
5. Indlela elula kakhulu yokukhuthaza abanye ukuthi bafunde, wukuthi uvele ube yisibonelo esihle sokufunda wena uqobo – uma uwayele ukufundela ukuzithokozisa, ukhombisa abanye ukuthi ukufunda kuyisenzo esibalekile sokuchitha isizungu. Ngakho-ke, kulo Nhlaba ungakhohlwa ukutholakala ufunda!

Masisebenzise le nyanga ukukhuthaza abanye ukuthi baxhumane, noma baphinde baxhumane nokufunda – noma ngabe lokho kusho ukuthi bafunda inoveli, incwadi yezithombe, incwadi yempilo yothile, izinkondlo, ibhulogi, noma nje iphephabhuku abalikhonzile okukanye amakhasi ezemidlalo ephephandabeni!



**Drive your imagination**

Join us. Be a literacy role model.  
Hlanganyelani nathi.  
Yibani yisibonelo sokufunda nokubhala.



## Reading club corner

There are lots of days to celebrate in May. Rather than trying to focus on all of them, you could choose one or two and then plan reading club activities around them. Here are some ideas.

<b>May</b>	Get-Caught-Reading Month
<b>6 May</b>	World Laughter Day
<b>13 May</b>	Mother's Day
<b>15 May</b>	International Day of Families
<b>16 May</b>	Biographer's Day
<b>25 May</b>	Africa Day



**World Laughter Day (6 May):** In the week before World Laughter Day, encourage the children to find or make up their own jokes. Then, at the reading club meeting closest to World Laughter Day, invite them to tell their jokes to the group. Provide paper and crayons or pencil crayons, and let them write down their joke and draw a picture to go with it. Display all the jokes and encourage the children to read them over the next few weeks.

**Mother's Day (13 May):** At a reading club session before 13 May, let the children make Mother's Day cards to give to their mothers or the mother-figures in their lives. They could design their own cards or use the card template on page 3. On the day closest to Mother's Day, read the special Mother's Day story (*Mom's best vase*) on pages 13 and 15, and do the suggested activities on page 4.

**International Day of Families (15 May):** Invite the parents, grandparents, siblings and other family members of the reading club children to join you at the reading club session closest to 15 May. Read or tell a story about the importance of families to everyone and then invite family members to spend time reading stories and looking at books together.

**Biographer's Day (16 May):** Explain to the children that a biography is a book written by an author about someone else's life. (In the 2017 supplements, we featured two biographies: *Singing the truth* about Miriam Makeba and *Graça's dream* about Graça Machel.) Encourage the children to write their own biographies about a family or community member that they find interesting.

**Africa Day (25 May):** Read and tell stories, say poems and sing songs that have some connection to Africa! The stories, poems and songs could be about Africa, come from somewhere in Africa, or be created by someone who was born in Africa.



## Ikhona lethimba lokufunda

Kunezinsuku eziningi ezigujiwayo ngoNhlaba. Kunokuthi uzame ukugxila kuzo zonke, ungakhetha olulodwa noma ezimbili bese uhlela imisebenzi yethimba lokufunda ugxile kuzo. Nayi eminye imibono.

<b>UNhlaba</b>	INyanga Yokutholakala Ufunda
<b>6 kuNhlaba</b>	USuku Lomhlaba Lokuhleka
<b>13 kuNhlaba</b>	USuku LukaMama
<b>15 kuNhlaba</b>	USuku Lwamazwe Ngamazwe Lwemindeni
<b>16 kuNhlaba</b>	USuku Lombhali Ngempilo Yabanye
<b>25 kuNhlaba</b>	USuku Lwe-Afrika



**USuku Lomhlaba Lokuhleka (6 kuNhlaba):** Ngeviki langaphambi koSuku Lomhlaba Lokuhleka, khuthaza izingane ukuthi ziithole, okukanye ziqambe amahlanya azo. Emva kwalokho, emhlanganweni wethimba lokufunda osondele kakhulu oSukwini Lomhlaba Lokuhleka, zimeme ukuthi zizoxoxela ithimba amahlanya azo. Nikezela ngephepha kanye namakhrayoni noma amakhrayoni asamapensela, zidedele zibhale amahlanya azo bese zidweba izithombe ezihambisana nawo. Khangisa ngawo wonke amahlanya futhi ukhuthaze izingane ukuthi zilokhu ziphinda ziwafunda emasontweni ambalwa alandelayo.

**USuku LukaMama (13 kuNhlaba):** Emhlanganweni wethimba lokufunda ngaphambi komhla ziye-13 kuNhlaba, dedela izingane zenze amakhadi oSuku LukaMama ezizowanikeza onina noma labo abamele omama empilweni yazo. Zingazidizayinela awazo amakhadi noma zisebenzise umfuziselo wekhadi osekhadini lesi-3. Ngosuku olusondele kakhulu oSukwini LukaMama, funda indaba ekhethekile yoSuku LukaMama (*Ivasi kaMama ephambili*) ekhasini le-14 nele-15, bese nenza imisebenzi ephakanyisiwe ekhasini lesi-4.

**USuku Lwamazwe Ngamazwe Lwemindeni (15 kuNhlaba):** Mema abazali, omkhulu nogogo, izingane zakwabo kanye namanye amalungu omndeni wethimba lokufunda ukuthi ahlangele nani emhlanganweni wethimba lokufunda osondelene nomhla ziye-15 kuNhlaba. Funda noma uxoxe indaba emayelana nokubaluleka kwemindeni kuwonkewonke, bese umema amalungu omndeni ukuthi achiithe isikhathi efunda izindaba futhi ebheka izincwadi ndawonye.

**USuku Lombhali Ngempilo Yabanye (16 kuNhlaba):** Chazela izingane ukuthi incwadi engempilo yomuntu, noma ibhayografi, yincwadi ebhalwa wumbhali ngempilo yomunye umuntu. (Kuzithasiselo zangowezi-2017, sakhapha izincwadi zempilo ezimbili: *Ukucula iqiniso* ekhuluma ngoMiriam Makeba nethi *Iphupho likaGraça* ekhuluma ngoGraça Machel.) Khuthaza izingane ukuthi zibhale izincwadi ngempilo yelunga lomndeni noma lomphakathi ezilithola lincomeka ngokuthile.

**USuku Lwe-Afrika (25 kuNhlaba):** Funda uphinde uxoxe izindaba, uhaye izinkondlo ubuye ucule amaculo anokuxhumana ne-Afrika! Izindaba, izinkondlo namaculo kungaba mayelana ne-Afrika, okuqhamuke ndawana thize e-Afrika noma ngokuqanjwe ngothile ozaletwe e-Afrika.

## NAL'IBALI ON RADIO!

Tune into the following radio stations to enjoy listening to stories on Nal'ibali's radio show!

**Ikwekwezi FM** on Monday, Wednesday and Friday at 9.45 a.m.

**Lesedi FM** on Monday, Tuesday and Thursday at 9.45 a.m.

**Ligwalagwala FM** on Monday to Wednesday at 9.10 a.m.

**Munghana Lonene FM** on Monday, Wednesday and Friday at 9.35 a.m.

**Phalaphala FM** on Monday to Wednesday at 11.15 a.m.

**RSG** on Monday to Wednesday at 9.10 a.m.

**SAfm** on Monday, Wednesday and Friday at 1.50 p.m.

**Thobela FM** on Tuesday and Thursday at 2.50 p.m., on Saturday at 9.20 a.m. and on Sunday at 7.50 a.m.

**Ukhozi FM** on Wednesday at 9.20 a.m. and on Saturday at 8.50 a.m.

**Umhlobo Wenene FM** on Monday to Wednesday at 9.30 a.m.

**X-K FM** on Monday, Wednesday and Friday at 9.00 a.m.

**Motsweding FM** on Monday, Wednesday and Friday at 9.30 a.m.



## USEMSAKAZWENI UNAL'IBALI!

Lalela kulezi ziteshi zomsakazo ukuze uthokozele ukulalela izindaba ohlelweni lomsakazo lakwaNal'ibali!

**Ku-Ikwekwezi FM** ngoMsombuluko, ngoLwesithathu nangoLwesihlanu ngo-9.45 ekuseni.

**KuLesedi FM** ngoMsombuluko, ngoLwesibili nangoLwesine ngo-9.45 ekuseni.

**KuLigwalagwala FM** ngoMsombuluko ukuya kuLwesithathu ngo-9.10 ekuseni.

**KuMunghana Lonene FM** ngoMsombuluko, ngoLwesithathu nangoLwesihlanu ngo-9.35 ekuseni.

**KuPhalaphala FM** ngoMsombuluko ukuya kuLwesithathu ngo-11.15 ekuseni.

**KuRSG** ngoMsombuluko ukuya ngoLwesithathu ngo-9.10 ekuseni.

**KuSAfm** ngoMsombuluko, ngoLwesithathu nangoLwesihlanu ngo-1.50 ntambama.

**KuThobela FM** ngoLwesibili nangoLwesine ngo-2.50 ntambama, ngoMgqibelo ngo-9.20 ekuseni nangeSonto ngo-7.50 ekuseni.

**Ku-Ukhozi FM** ngoLwesithathu ngo-9.20 ekuseni nangoMgqibelo ngo-8.50 ekuseni.

**Ku-Umhlobo Wenene FM** ngoMsombuluko ukuya kuLwesithathu ngo-9.30 ekuseni.

**KuX-K FM** ngoMsombuluko, ngoLwesithathu nangoLwesihlanu ngo-9.00 ekuseni.

**KuMotsweding FM** ngoMsombuluko, ngoLwesithathu nangoLwesihlanu ngo-9.30 ekuseni.

# Celebrate our mothers!

Each year on the second Sunday in May, we celebrate how important mothers are in our lives. Follow the instructions below to make a Mother's Day card for your mother or the person who is like a mother to you.

## Make a Mother's Day card


1. Cut out the hearts by cutting along the red lines.
2. Fold the hearts along the black dotted line.
3. Glue the two parts together.
4. On one side, draw a picture of you and the person you will give the card to.
5. Write your message to her on the other side. Remember to write your name at the end of your message.

# Asigubheni omama!

Onyakeni ngamunye ngeSonto lesibili kuNhlaba, sigubha ukubaluleka komama empilweni yethu. Landela imiyalelo engezansi ukwenza ikhadi loSuku LukaMama wenzele unyoko noma umuntu onjengomama kuwe.

## Yenza ikhadi loSuku LukaMama

1. Sika ukhiphe izinhliziyi ngokusika ulandele imigqa ebomvu.
2. Songa izinhliziyi ulandele umugqa omnyama onamachashazi.
3. Namathisela izingxenye ezimbili ndawonye.
4. Kolunye uhlangothi, dweba isithombe sakho nesomuntu ozomnikeza ikhadi.
5. Bhala umyalezo wakho owuqondise kuye kolunye uhlangothi. Khumbula ukubhala igama lakho ekugcineni komyalezo wakho.



For a chance to win some Book Dash books, write a review of the story, *The lost laugh* (pages 7 to 10), and email it to [team@bookdash.org](mailto:team@bookdash.org), or take a photo and tweet us at [@bookdash](https://twitter.com/bookdash). Remember to include your full name, age and contact details.

Ukuthola ithuba lokuwina ezinye izincwadi zakwa-Book Dash, bhala iqoqa elihlaziya indaba ethi, *Uhleko olulahlekile* (ikhasi lesi-7 kuya kwele-10), bese ulithumela nge-imeyili ku-[team@bookdash.org](mailto:team@bookdash.org), noma uthwebule isithombe bese uxhumana nathi ngo-*Twitter* ku-[@bookdash](https://twitter.com/bookdash). Khumbula ukufaka igama lakho eligcwele, iminyaka yobudala kanye neminingwane yokuxhumana.



Drive your imagination



## Get story active!

Here are some ideas for using the two cut-out-and-keep picture books, *Thoko and a dog called Hope* (pages 5, 6, 11 and 12) and *The lost laugh* (pages 7, 8, 9 and 10), as well as the Story Corner story, *Mom's best vase* (pages 13 and 15). Choose the ideas that best suit your children's ages and interests.



### Thoko and a dog called Hope

One day Thoko climbs up onto the shed in her backyard to look into her neighbours' backyards and she sees a neighbour being cruel to his dog. Thoko is very upset, but her art teacher helps her to sort out the problem.



- ✿ After you have finished reading the story, discuss the following questions together. Encourage your children to suggest reasons for their opinions.
  - ☉ What do you think of the way Thoko's neighbour was treating his dog?
  - ☉ Why do you think Mama and Gogo didn't do anything to help the dog next door?
  - ☉ If you saw someone treating an animal badly, what would you do? Who could you tell? If they didn't listen to you, what else could you do?
  - ☉ Do you think we should care about how the people around us treat other people and animals? Why or why not?
- ✿ Ask your children to think about what picture Thoko might have drawn of Hope at the end of the story and then suggest that they draw this picture.

### The lost laugh

In this story, Spotty, the hyena, has lost his laugh. How did this happen? Where could it be? And can the other animals help him find it?



Write a review of this story and stand a chance of winning some books! See page 3 for details.

- ✿ As you read the book, discuss the story and pictures with your children. For example:
  - ☉ **Pages 2 and 3:** Why do you think the hyena's name is Spotty?
  - ☉ **Pages 4 and 5:** What part of the giraffe's body do you think this is? Why can't we see the rest of Giraffe's body?
  - ☉ **Pages 6 and 7:** Where is Hippo? What do you think she is doing?
  - ☉ **Pages 14 and 15:** How do you think Spotty knows that he will never lose his laugh again? Could you lose your laugh?
- ✿ Suggest that your children use paper plates, glue and recycled materials to make hyena masks.

### Mom's best vase

Mother's Day story

Ashley and Ben have thought of a lovely surprise for Mother's Day ... except it turns into a disaster when their mother's favourite vase breaks! But, luckily Ashley's skill at doing jigsaw puzzles saves the day.



- ✿ Encourage your children to create pictures of a vase using small pieces of paper. Ask them to draw the outline of a vase with a thick koki or crayon on a large sheet of paper. Then let them take some pictures out of old magazines or newspapers and tear them up into small pieces of about 10 mm x 10 mm each. Show your children how to glue the small pieces of paper closely together inside the outline of the vase to complete their pictures.
- ✿ Have you ever tried to do something nice for someone else, but things did not go according to plan? Share your stories about what happened with your children.

## Yenza indaba ihlabe umxhwele!

Nanka amacebo okusebenzisa izincwadi ezimbili zemifanekiso ozisika uzikhiphe bese uzigcina, *UThoko nenja okuthiwa nguThemba* (amakhasi 5, 6, 11 nele-12) nethi, *Uhleko olulahlekile* (amakhasi 7, 8, 9 nele-10), kanye nendaba yeKhona Lezindaba ethi, *Ivasi kaMama ephambili* (ikhasi le-14 nele-15). Khettha imiqondo ehambisana kangcono neminyaka kanye nalokho okuthandwa yizingane zakho.

### UThoko nenja okuthiwa nguThemba

Ngolunye usuku uThoko ugibela phezu kwendlu esegcekeni lakubo ngemuva, abuke endaweni engemuva emzini kamakhelwane, bese ebona umakhelwane ephatha kabiinja yakhe. UThoko ucasuka kakhulu, kodwa uthisha wakhe wezobuciko uyamsiza ukuthi axazulule inkinga.

- ✿ Ngemuva kokuthi usuqedile ukufunda indaba, xoxisanani ngemibuzo elandelayo nindawonye. Khuthaza izingane zakho ukuthi ziphakamise izizathu zemibono yazo.
  - ☉ Ucabangani ngendlela umakhelwane kaThoko ayephatha ngayoinja yakhe?
  - ☉ Ucabanga ukuthi kungani uMama noGogo bengenzanga lutho ukusizainja yakwamakhelwane?
  - ☉ Uma kukhona othile ombonayo ephatha isilwane kabi, ungenzani? Ungatshela bani? Uma lowo engakulaleli, yini enye ongayenza?
  - ☉ Ucabanga ukuthi kufanele sibe nendaba ngendlela abantu abasizungezile abaphatha ngayo abanye abantu kanye nezilwane? Kungani kufanele noma kungafanele?
- ✿ Cela izingane zakho ukuthi zicabange ngokuthi yisiphi isithombe uThoko angase asidwebe sikaThemba ekugcineni kwendaba bese uphakamisa ukuthi zisidwebe lesi sithombe.

### Uhleko olulahlekile

Kule ndaba, uMabhadubhadu, impisi, ulahlekelwe wuhleko lwakhe. Ngabe kwenzeka kanjani lokhu? Ngabe lukuphi? Futhi zingakwazi yini ezinye izilwane ukumsiza aluthole?

Bhala iqoqa elihlaziya le ndaba uzibekhe emathubeni okuthola imiklomelo yezincwadi! Bheka ekhasini lesi-3 ukuthola eminye imininingwane.

- ✿ Ngenkathi ufunda incwadi, xoxani ngendaba kanye nezithombe nezingane zakho. Ukwenza isibonelo:
  - ☉ **Ikhasi lesi-2 nelesi-3:** Ucabanga ukuthi kungani igama lempisi kunguMabhadubhadu?
  - ☉ **Ikhasi lesi-4 nelesi-5:** Ucabanga ukuthi iyiphi ingxenye yomzimba wendlulamithi lena? Kungani singawuboni wonke uphelele umzimba wendlulamithi?
  - ☉ **Ikhasi lesi-6 nelesi-7:** Ukuphi uMvubu? Ucabanga ukuthi ngabe wenzani?
  - ☉ **Ikhasi le-14 nele-15:** Ucabanga ukuthi uMabhadubhadu waze kanjani ukuthi ngeke aphinde alahlekelwe wuhleko lwakhe? Ungalahlekelwa yini wuhleko lwakho?
- ✿ Phakamisa ukuthi izingane zakho zisebenzise amapuleti ephepha, isinamathelisi kanye nezinto esezigaywe kabusha ukwenza izifihlabuso eziyimpisi.

### Ivasi kaMama ephambili

Indaba yoSuku LukaMama

U-Ashley noBen bacabange ukwenza into enhle engalindelekile ngoSuku LukaMama ... kodwa konke kwaphenduka inhlekelele ngenkathi ivasi kanina ayikhozile yephuka! Kodwa, ngenhlanhla ikhono lika-Ashley lokwenza iziphico ezigwintshizayo laluhlenga usuku.

- ✿ Khuthaza izingane zakho ukuthi zakhe imifanekiso yevasi zisebenzisa iziqeshana zamaphepha. Zicele zidwebe uhlaka lwevasi zisebenzisa ipeni lekhokhi eliwugqinsi noma ikhrayoni esiqeshini esikhulu sephepha. Emva kwalokho mazithathe isithombe esithile zisikhiphe kumaphephabhuku noma kumaphephandaba amadala bese zisicuca sibe yizicucu ezincane, isicucu ngasinye sibe yi-10 mm x 10 mm. Khombisa izingane zakho ukuthi zizanamathisela kanjani iziqeshana zamaphepha ezincane ndawonye ngaphakathi kohlaka lwevasi ukuze ziqedele imifanekiso yazo.
- ✿ Uke wazama ukwenzela omunye umuntu into enhle, kodwa izinto azangahamba ngokohlelo? Yabelana nezingane zakho indaba yokuthi lokhu kwenzeka kanjani.

### Create TWO cut-out-and-keep books

1. Take out pages 5 to 12 of this supplement.
2. The sheet with pages 5, 6, 11 and 12 on it makes up one book. The sheet with pages 7, 8, 9 and 10 on it makes up the other book.
3. Use each of the sheets to make a book. Follow the instructions below to make each book.
  - a) Fold the sheet in half along the black dotted line.
  - b) Fold it in half again along the green dotted line.
  - c) Cut along the red dotted lines.



### Zenzele ezakho izincwadi EZIMBILI ozosisika uzikhiphe bese uzigcina

1. Khipha ikhasi lesi-5 ukuya kwele-12 alesi sithasiselo.
2. Iphepha elinamakhasi 5, 6, 11 kanye nele-12 lenza incwadi eyodwa. Iphepha elinamakhasi 7, 8, 9 kanye nele-10 lenza enye incwadi.
3. Sebenzisa iphepha ngalinye ukuze wenze incwadi. Landela imiyalelo engezansi ukuze wenze incwadi ngayinye.
  - a) Songa iphepha libe nguhhafu ngokulandela umugqa wamachashazi amnyama.
  - b) Lisonge libe nguhhafu futhi ulandele umugqa wamachashazi aluhlaza okotshani.
  - c) Sika ulandele umugqa wamachashazi abomvu.



Drive your imagination

“But Mama says it is not our business,” Thoko explained.

“I understand what your Mama means,” said Belinda. “But animals can’t talk, so we must make sure that they do not suffer.” Thoko looked at her picture and tears came to her eyes. “Listen, Thoko,” said Belinda, “I’ll talk to Mama and Gogo about it. There must be something we can do for the poor animal.”

And there was.

Belinda explained to Mama that the Animal Rescue Service sends an officer to rescue dogs who are mistreated.

“Rescued dogs are fed and kept safely in kennels until someone who really loves dogs gives them a home,” explained Belinda.

But Mama was still worried. “What if the man finds out that we told the Animal Rescue people about his dog? He looks very nasty.”

“Don’t worry about that. The Animal Rescue team don’t tell bad people the names of good people who have reported them.”

“Kodwa uMama uthi akusiso indaba yethu leyo,” kuchaza uThoko.

“Ngayakuqonda okushwo ngumama wakho,” kusho uBelinda. “Kodwa izilwane azikwazi ukukhuluma, ngakho-ke kufanele senze isiqiniseko sokuthi azihlukumezeki.” UThoko wabuka umfanekiso wakhe izinyembezi zagcwalile amehlo. “Lalela-ke Thoko,” kusho uBelinda, “ngizokhuluma noMama noGogo ngalokhu. Kukhona esingakwenzela lezi zinja ezihlukunyezwayo.”

Kwakukhona abangakwenza.

UBelinda wachazela uMama ukuthi uMnyango Wokuhlenga Izilwane, uthumela isisebenzi sawo ukukhulenga izinja ezihlukunyezwayo.

“Zinja ezihlengiwe ziyaphakelwa, zigcinwe ezindlini eziphephile kuze kuthi umuntu ozithanda engempela izinja azinike ikhaya,” kuchaza uBelinda. Kodwa uMama wabe esakhathazekile.

“Kuyokwenzekani lapho le ndoda izwa ukuthi sitshela Abahlenga Izilwane ngenja yayo? Ibukeka inonya le ndoda.”

“Ungakhathazeki ngalokho. Abahlenga Izilwane ababatshele abantu ababi amagama abantu abalungile ababacebile.”



We publish what we like

Le ndaba ebhalwe nguNiki Daly iphuma encwadini ethi, *Halala! Thoko* eyashicilelwa ngabakwaJacana Media netholakalayo ezitolo zezincwadi kanye naku-inthanethi kusizindalwazi esithi, [www.jacana.co.za](http://www.jacana.co.za). Incwadi ethi, *Halala! Thoko* iyatholakala ngesiNgesi, isiBhunu, isiXhosa nangesiZulu. Abakwa-Jacana bashicilela amabhuku abafundi abasha ngazo zonke izilimi ezisemthethweni zaseNingizimu Afrika. Ukuthola ulwazi ngezihloko zakwa-Jacana ngena ku-[www.jacana.co.za](http://www.jacana.co.za).

This story written by Niki Daly is from *Hooray! Thoko* published by Jacana Media and available in bookstores and online from [www.jacana.co.za](http://www.jacana.co.za). *Hooray! Thoko* is available in English, Afrikaans, isiXhosa and isiZulu. Jacana publishes books for young readers in all eleven official South African languages. To find out more about Jacana titles go to [www.jacana.co.za](http://www.jacana.co.za).

© Jacana Media (World rights) Tel: 011 628 3200

Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark and embed a culture of reading across South Africa. For more information, visit [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) or [www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)



UNal'ibali umkhankaso kazwelonke wokufundela ukuzithokozisa wokokhela inhlansi nokuzinzisa isiko lokufunda eNingizimu Afrika yonkana. Ukuze uthole eminye imininingwane, vakashela ku-[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) noma ku-[www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)



# UThoko nenja okuthiwa nguThemba

## Thoko and a dog called Hope



Indaba nguNiki Daly  
Story by Niki Daly

Yahunyushwa nguNdabayakhe William Zulu  
Translated by Ndabayakhe William Zulu



When winter came, the dog with no name lay on wet cement. It didn't even have energy to bark anymore. Thoko wondered how anyone could be so cruel as the neighbour who shouted at it, kicked it, and called it "Brak".

But it was no use talking to Mama or Gogo. Whenever she told them what she saw, they said, "Thoko, it is not our business."


Still, Thoko could not forget about the old dog. At art class she drew a picture of the poor animal. When Belinda asked about her picture, Thoko told the story of the dog with no name. "People are not allowed to be cruel to animals," Thoko," said Belinda.

Ngemuva kwakwaThoko kwakunendlwana uThoko ayethanda ukukhwela kuyo. Esephezulu ophahleni, uThoko wayekwazi ukubuka ingemuva lezindlu zawomakhelwane. Ngemuva kwendlu yakwamakhelwane omusha, uThoko wabonainja, iboshelwe ebhokisini ngentambo.



Izilwane ngale nja engenagama. Ngeviki elilandelayo, iveni elinombhalo othi, "Inkonzo Yokuhlelwa Izilwane" yama ngaphandle komuzi kamakhelwane onony. Indoda eyisidlakela egqoke inyumfomu yaphuma yaqonda emnyango ongaphambili.

"Hamba uyobheka ukuthi kwenzekani ngemuva, Thoko," kulebeza uGogo.



"Ingabe uqinisekile kodwa?" kubuza uGogo. "Ngqinisekile," kusho uBelinda. "Ungakhathazeki." Ngakho-ke banquma ukuthi uBelinda uzobikela abeNkonzo Yokuhlelwa



From the kitchen, Mama and Gogo saw the rescue man gently place the dog with no name into the back of the bakkie. No sooner had they gone, when the police arrived.

Inside the house, they found stolen computers and arrested the nasty neighbour.

"Well, I'm glad that's the end of that!" sighed Gogo. But it wasn't quite the end ...

Belinda adopted the old dog with no name and called her Hope.

On some Saturdays Belinda takes Hope to the art centre where the children get to see how well she is looking. And Hope always goes to Thoko first.



“Please help me find my laugh, Monkey,” said Spotty.  
 “How did you lose it?” asked Monkey.  
 “When I laugh, you can see my big teeth. That makes everyone frightened,” said Spotty.  
 “Then I got sad and my laugh just disappeared. I can’t find it anywhere.”

“Ngiyakucela ungisize ngithole uhleko lwami, Nkavu,” kusho uMabhadubhadu.  
 “Lukulahlekele kanjani?” kubuza uNkavu.  
 “Uma ngihleka, uyawabona amazinyo ami amakhulu. Lokho kwenza uwonkumle,” kusho uMabhadubhadu. “Emva kwalokho ngaphatheka kabi kwabe luyanyamalala uhleko lwami njalo. Akukho lapho ngingaluthola khona.”

## Uhleko olulahlekile

### The lost laugh

*Karen Lilje*

*Michelle Preen*

*Wilna Combrinck*

Lots more free books at [bookdash.org](http://bookdash.org)




Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark and embed a culture of reading across South Africa. For more information, visit [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) or [www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)



UNal'ibali umkhankaso kazwelonke wokufundela ukuzithokozisa wokokhela inhlansi nokuzinzisa isiko lokufunda eNingizimu Afrika yonkana. Ukuze uthole eminye imininingwane, vakashela ku-[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) noma ku-[www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)





“Please help me find my laugh,  
Hippo,” said Spotty.  
“I can’t hear a laugh down here,”  
said Hippo.



“Kodwa ubucinga  
endaweni engafanele,”  
kusho uNkawu egxuma  
ephuma esihlahleni magede  
ethatha uphapho. Emva kwalokho  
wayesegala ekitaza uMabhadubhadu  
yonke indawo.

UMabhadubhadu, impisi,  
wayephatheke kabi kakhulu.  
Wayelahlekelwe wuhleko lwakhe.



“His laugh was inside him all the time.  
I just made him happy and out it came,”  
explained Monkey.

They all laughed and laughed so that  
their teeth showed too.

“I’ll never lose my laugh again,” said  
Spotty, the happy hyena.





“But you were looking in the wrong place,” said Monkey as she hopped out of the tree and picked up a feather. Then she began to tickle Spotty all over.

“Uhleko lwakhe belulokhu lungaphakathi kuye sonke lesi sikhathi. Ngivele ngamenza wajabula lwabe seluyaphuma njalo,” kuchaza uNkawu.

Zonke izilwane zahleka, zahleka kwaze nakuzo kwavela amazinyo azo.

“Ngeke ngiphinde ngilahlekelwe wuhleko lwami futhi,” kwasho uMabhadubhadu, impisi ethokozile.



“Ngicela ungisize ngithole uhleko lwami, Mvubu,” kusho uMabhadubhadu. “Angizwa luhleko lapha phansi mina,” kuphendula uMvubu.


Spotty, the hyena, was very sad. He had lost his laugh.





“Please help me find my laugh,  
Giraffe,” he asked.  
“I can’t hear a laugh up here,”  
said Giraffe.

“Ngicela ungisize ngithole uhleko  
lwami, Ndlulamithi,” kucela yena.  
“Angizwa luhleko lapha phezulu  
mina,” kusho uNdlulamithi.



Kancane kancane  
uMabhadubhadu waqala  
ukumoyizela, emva kwalokho  
wahleka kakhulu, uhleko  
oluzwakalayo. Wahleka, wahleka  
waze wagingqika phansi enhlabathini.  
Zonke ezinye izilwane zaqala ukuhleka  
nazo. “Ulutholephi uhleko lwakhe?” kubuza  
ezinye izilwane.

Slowly Spotty started smiling, and then  
he let out a big, loud laugh. He laughed and  
laughed until he was rolling around on  
the ground.

All the other animals started laughing too.  
“Where did you find his laugh?” they asked.




“Are you sure?” asked Gogo.  
“I’m sure,” said Belinda. “Don’t worry.”  
So it was decided that Belinda would let the  
Animal Rescue Services know about the dog with  
no name.  
The following week, a bakkie with “Animal  
Rescue Services” written on it stopped outside the  
nasty neighbour’s house. A big man in a uniform  
got out  
and went  
up to the  
neighbour’s  
front door.  
“Go and  
see what’s  
happening  
around  
the back,  
Thoko,”  
whispered  
Gogo.

Lapho kufika ubusika, le nja engenagama  
yayilala osimendeni omanzi. Yayingasenanamandla  
okukhokhoktha. UThoko wayemangala ukuthi  
kodwa ukhona umuntu onga nonya olungaka.  
Kodwa kwakungasizi lutho ukukhuluma  
noMama noGogo. Lapho ebatshele ngayekubona,  
babethi, “Thoko, akusiyi indaba yethu lena.”  
UThoko wayengayikhohlwa le nja endala.  
Ekilasini lezobuciko wadweba isithombe salesi  
silwane esidabukisayo. Lapho uBelinda embuza  
ngesithombe sakhe, uThoko wamxoxela indaba  
yale nja engenagama.  
“Abantu abavumelekile ukuba nonya  
ezilwaneni, Thoko,” kusho uBelinda.



In Thoko’s backyard stood a small pondok  
that Thoko loved to climb onto. From high  
up, Thoko could look into the neighbours’  
backyards. In the new neighbour’s backyard,  
Thoko noticed a dog, tied to a packing case  
with a bit of rope.



UMama noGogo besekhishini babona umhlengi  
wezilwane efakainja engenagama ngemuva evenini.  
Kwathi besuka nje, kwase kufika amaphoyisa.

Endlini, athola amakhompyutha ebiwe, ase  
embopha umakhelwane ononya.

“Ngiyajabula ukuthi sekuphelile lokhu!”  
kububula uGogo. Kodwa kwakungakapheli ...

UBelinda wazitholela le nja endala engenagama  
wayiqamba igama wathi nguThemba.

Ngeminye imiGqibelo uBelinda wayeletha  
uThemba endaweni yezobuciko ukuze izingane  
zibone ukuthi usebukeka kahle kanjani. UThemba  
njalo nje uqala ngokuya kuThoko.



She also noticed that when the old dog barked, a man would come out of the house and shout, “Shut up, Brak!” It didn’t even seem to have a proper name. And if it didn’t stop barking, the man would give it a kick. Its bony body looked like an old brown sack with holes in it. The skin around its neck where the rope was tied looked raw. Thoko didn’t like what she saw. When she told Mama and Gogo about the poor animal, Mama said, “Thoko, you shouldn’t be spying on neighbours.”

“I agree,” said Gogo. “It’s better to mind your own business.”

But Thoko felt sorry for the old dog with no name.



Wabona futhi ukuthi lapho le nja endala ikhonkotha, indoda yayiphuma endlini imemeze ithi, “Thula, Brak!”

Kwakubonakala sengathi ayinalo igama elifanele. Laphoinja ingayeki ukukhonkotha, indoda yayiyikhahlela.

Umzimba wayo omathanjana wawubukeka njengesaka elidala elinsundu futhi elinezimbobo. Isikhumba sentamo lapho intambo yayiboshwe khona sasiphucukile. UThoko akakuthandanga ayekubona.

Lapho exoxela uMama noGogo ngalesi silwane esihluphekayo, uMama wathi, “Thoko, akufanele ukuba uhlole komakhelwane.”

“Ngiyavuma,” kusho uGogo. “Kungcono unake izindaba zakho.”

Kodwa uThoko wayeyidabukela le nja endala engenagama.



Ngemuva wayebona futhi ezwa okwakwenzeka. “Uyabona?” kusho umakhelwana, ezama ukuzwakala enomusa, “Nginikainja yami amanzi futhi inendawo yayo yokulala.” Umhlengi weziliwane wagoba wathinta umzimba wenja osumathanjana. “Le nja iyahlukumezeka futhi ilambile. Ngiyayithatha ngiyoyinakekela,” kusho yena. “Futhi ngizobikela amaphoyisa ngamabhokisi engiwabone endlini yakho.”

“Usho ukuthini?” kubhavumula indoda ngezwi layo elibi. “La mabhokisi agcwele izimpahla zami ezindala.” “Izingubo ezindala emabhokisini amasha amakhompyutha?” kusho umhlengi weziliwane. “Angikholwa yilokho!”

Around the back Thoko could see and hear what was going on.

“See?” said the neighbour, trying to sound nice, “I give my dog water and she has her own place to sleep.” The rescue man bent down and felt the dog’s bony body.

“This dog has been badly treated and is starving. I’m taking her with me to look after,” he said. “And I will also let the police know about the boxes I’ve seen in your house.”


“What do you mean?” growled the man in his nasty voice. “Those boxes are filled with my old clothes.”

“Old clothes in new computer boxes?” said the rescue man. “I don’t think so!”



# Mom's best vase

By Helen Brain ✨ Illustrations by Heidel Dedekind



Ashley was busy doing a jigsaw puzzle when her big brother, Ben, came into the lounge.

"Tomorrow is Mother's Day," he said. "We should do something very special for Mom. Will you help me?"

Ashley clapped her hands. "Ooh yes, Ben. Are we going shopping?"

"No, I've already bought her a present. Do you want to come and see?"

Ashley followed her brother into the garage. On the bench, hidden under a sheet, was a beautiful wooden shelf in the shape of a heart.

"I thought we could paint it blue," Ben said.

"Ooh yes," Ashley said. "Blue is Mom's favourite colour. She's going to love her present."

Ben found two paintbrushes, and some sandpaper, and they got to work. First they sanded the shelf, then they painted a white undercoat and lastly they painted it a glossy bright blue. The shelf was beautiful.



"What are you two doing in there?" Mom asked when she came home from shopping.

"Nothing! Go away!" called Ben.

"It's a surprise," giggled Ashley.

That afternoon Mom went to the hair salon.

"Quick, Ashley," called Ben, "it's time to put up the shelf. Can you hold the screws and the screwdriver for me while I drill the holes in the wall? Don't lose the screws. I don't have any more."

Ashley held the screwdriver and screws tightly while Ben measured where the shelf would go on the wall. Then she blocked her ears while he drilled three holes.

"There we go," said Ben. "Now pass me the first screw." Carefully he screwed the shelf to the wall. "Now pass me the other two screws, Ashley," he said.

But Ashley could find only one screw. The other one wasn't in her pocket. It wasn't on the floor, or behind the couch. It was gone. It was almost 5 o'clock. Mom would be home any minute.

"Never mind," said Ben. "This will do for now. I'll buy another one in the week."

"What shall we put on the shelf?" asked Ashley.



"I think Mom's best vase that her granny gave her," said Ben. "And her favourite candlesticks."

"And the trophy I won at school for being the best at reading?" Ashley asked.

"Definitely," said Ben. "And the photo of Mom and me and you when you were a baby. She loves that picture."

Carefully they arranged Mom's special things on the shelf. Then Ben spread the sheet over the shelf so it was hidden.

A few minutes later Mom came home. "Hello, hello," Mom called. "What have you two been up to?"

"It's a surprise," giggled Ashley, "and you're not allowed to see what's behind the sheet."

"I'm very excited," said Mom. "I'm sure it's something wonderful."

"Do you promise you won't peep?" asked Ashley at bedtime.

Her mother tucked her up and gave her a kiss and a hug. "You are my best girl. I promise I won't even lift the corner of the sheet."

It was almost morning when Ashley was woken by a loud crash. She jumped out of bed. Ben and Mom were standing in the lounge, staring at a terrible mess on the floor.

"Oh no," cried Ben, "the shelf fell off the wall."

"Oh no," cried Ashley, "Mom's Mother's Day present is ruined."

"Oh no," cried Mom, "my favourite vase is broken into little bits."

Everyone was upset. Mom sat on the couch and tried not to cry.

"We'll clean it up," said Ben. "Mom, you go back to bed."

"Happy Mother's Day," said Ashley sadly.



Ben got the broom and swept up all the pieces of Mom's favourite vase. He was very upset. "Mom's granny gave her that vase and now it's broken." And he tipped the pieces into the rubbish bin. "We'd better go back to sleep too," said Ben to Ashley. "It's not waking up time yet."

Ashley looked at the shelf lying on the floor. It had been such a lovely present. Now they had nothing to give Mom when she woke up.

Ashley peered inside the rubbish bin. All the pieces of Mom's vase were there. Maybe she could use some glue and mend it? She picked up the bin and ran out to the garage. There on the shelf was a big pot of glue. She spread some newspaper on the workbench and emptied out the bin. There were so many pieces! How was she supposed to know which ones went where?

✨ Continued on page 15.

U-Ashley wayematasa enza isiphico esimazombezombe ngenkathi umfowabo omdala, uBen, engena ekameleni lokuphumula.

“Kusasa uSuku LukaMama,” kusho yena. “Kufanele senzele uMama into ekhethekile. Uzokwazi ukungisiza?”

U-Ashley washaya izandla. “Awu, yebo, Ben. Ngabe sizohamba siyothenga ezitolo?”

“Cha, sengivele ngimthengele isipho. Ufuna ukuza uzosibona?”

U-Ashley walandela umfowabo baqonda egalaji. Ebhentshini ngaphansi kweshidi, kwakukhona ishalofu elihle lepulangwe elinesimo senhliziyo.

“Ngicabange ukuthi singayipenda ibe luhlaza okwesibhakabhaka,” kusho uBen.

“Awu, yebo,” kusho u-Ashley. “Umbala oluhlaza okwesibhakabhaka wumbala awukhonzele uMama. Uzosithanda isipho sakhe.”

UBen wathola amabhulashi okupenda amabili, nosandiphepha, base beyasebenza njalo. Okokuqala bashukusha ishalofu laba bushelelezi, emva kwalokho base bependa ungqimba lokuqala olumhlophe kwase kuthi ekugcineni balipenda laba luhlaza okwesibhakabhaka ngokumanyazelayo. Ishalofu lalilihle.



“Nenzani lapho nina nobabili?” kwabuza uMama ngenkathi efika ekhaya ebuya ukuyothenga ezitolo.

“Akulutho! Sicela ungasondeli!” kumemeza uBen.

“Akumele wazi, kuyimfihlo,” kugigitheka u-Ashley.

Ntambama ngalelo langa uMama wahamba waya endaweni yokulungisa izinwele.

“Shesha, Ashley,” kumemeza uBen, “sekuyisikhathi sokumisa ishalofu. Ungakwazi ukungibambela izikulufu kanye nesikuludilayiva ngenkathi ngibhola izimbobo obondeni? Ungazilahli izikulufu. Anginazo ezinye ngaphezu kwalezo.”

U-Ashley wabamba isikuludilayiva kanye nezikulufu wathi ngqi ngenkathi uBen ekala lapho ishalofu lalizongena khona obondeni. Wayesevala izindlebe zakhe ngenkathi umfowabo ebhola izimbobo ezintathu.

“Nazo-ke,” kusho uBen. “Manje awungedlulisele isikulufu sokuqala.” Ngokucophelela wafaka ishalofu obondeni ngesikulufu. “Manje ngedlulisele ezinye izikulufu ezimbili, Ashley,” kusho yena.

Kodwa u-Ashley wakwazi ukuthola isikulufu esisodwa kuphela. Esinye sasingekho ekhukhwini lakhe. Sasingekho naphansi, noma ngemuva kosofa. Sase sinyamalele. Kwase kuzoshaya ihora lesi-5 nqo. UMama wayesezofika ekhaya noma nini.

“Akunandaba,” kusho uBen. “Lezi ezikhona zizolunga okwamanje. Ngizothenga esinye esisodwa evikini.”

“Yini esizoyibeka eshalofini?” kubuza u-Ashley.



“Ngicabanga ukuthi sizobeka ivasi ephambili ayinikezwa ngugogo wakhe,” kwasho uBen. “Kanjalo nezindukwana zamakhandlela azikhonzile.”

“Singayibeka nendebengayithola esikoleni ngokudla ubhedu ekufundeni?” kubuza u-Ashley.

“Noma kanjani,” kusho uBen. “Nesithombe sikaMama enami nawe ngenkathi usewusana. Uyasithanda lesi sithombe.”

Ngokucophelela bahlela izinto zikaMama ezikhethekile eshalofini. Emva kwalokho uBen wayesemboza ngeshidi ukuze konke kufihleke.

Ngemuva kwemizuzu embalwa uMama wabuya ekhaya. “Sanibonani, sanibonani,” kumemeza uMama. “Benenzani nina nobabili?”

“Yinto ezokumangaza,” kugigitheka u-Ashley, “futhi awuvumelekile ukuthi ubone ukuthi kukhonani ngaphansi kweshidi.”

“Ngithokoze kakhulu,” kwasho uMama. “Ngiyacabanga ukuthi yinto enhle.”

“Uyethembisa yini ukuthi ngeke ulunguze?” kwabuza u-Ashley ngesikhathi sokulala.

Unina wambamba wamphakamisa, wayesemqabula ebuya emhaga.

“Uyintombazane yami enhle kakhulu. Ngiyethembisa ukuthi ngeke ngize ngiphakamise ngisho ichopho leshidi leli.”

Kwase kusa ngenkathi u-Ashley evuswa wumsindo omkhulu wento ephihlikayo. Wagxuma waphuma embhedeni. UBen noMama babemile ekameleni lokuphumula, bebuka umonakalo omubi phansi.

“Awu hhe,” kukhala uBen, “ishalofu liwile obondeni.”

“Awu ngeke,” kubalisa u-Ashley, “isipho sikaMama soSuku LukaMama sesimoshekile.”

“Nkosi yami,” kukhala uMama, “ivasi yami engiyikhonze kangaka ivele yephuka yaba yizicucwana.”

Wonke umuntu wayesekhathazekile. UMama wahlala kusofa wazama ukuthi angakhali.

“Sizowususa umonakalo,” kusho uBen. “Mama, buyela embhedeni.”

“Ngikufisela USuku LukaMama olunentokozi,” kwasho u-Ashley ngokudumala.



UBen wathatha umshanelo washanela zonke izicucu zevasi kaMama ephambili. Wayekhathazeke kakhulu. “Ugogo kaMama wayemnike le vasi kodwa manje isiphukile.” Wayesefaka izicucu emgqonyeni wezibi. “Kungcono nathi sivele sibuyele sizilalele,” kwasho uBen ku-Ashley. “Akukabi sona isikhathi sokuvuka.”

U-Ashley walibuka ishalofu elalilele phansi. Bekungeve kuyisipho esihle bandla. Manje babengasenalutho abazolunika unina uma esevukile.

U-Ashley walunguza phakathi emgqonyeni wezibi. Zonke izicucu zevasi kaMama zazilapho. Mhlawumbe angasebenzisa isinamathelisi esithile azixhume? Wathatha umgqomo wezibi wagijima nawo waphuma waya egalaji. Laphaya eshalofini kwakunesitsha esikhulu sesinamathelisi. Wayesendlala iphephandaba ebhentshini lokusebenzela maqede wathulula umgqomo wezibi. Kwakunenqwaba yezicucu bo! Ngabe wayezokwazi kanjani ukuthi iyiphi ingxenye engena kuphi?

✨ Iqhubeke ekhasini le-15.

From page 13.

"I see!" she exclaimed. "It's like a jigsaw puzzle. Lots of pieces that fit together. First I'll find all the ones with a straight edge. They must be the rim of the vase. And this big chunk here has a handle on it, so it must be the side. And there should be another handle – ah here it is."

When she had laid out all the pieces in the right order she began to glue them together. It was hard work. The glue stuck to her fingers, and she had to wait for the pieces to dry. It took ages.

At last the vase was finished. It wasn't *exactly* the same as the old one. This one had a funny lump on one side, and the rim was a bit skew, but Ashley knew Mom would hardly see the difference.

Ashley looked out of the window. The neighbour, Mrs Du Toit, was watering her vegetables. Mrs Du Toit was very clever and could make anything. Ashley ran over to the fence. "Please, can you lend me one screw and help me fix a shelf?" she asked, and then she told Mrs Du Toit the whole story.

"Of course," Mrs Du Toit said. "I'll come over at once."

Mom woke up at 9 o'clock. She was still very sad. She found Ashley fast asleep on the sofa, and a sheet covering something on the wall.

"What have you been doing all morning, Ashley?" she asked.

"Surprise!" yelled Ashley. "Happy Mother's Day. Your present is behind the sheet."



Ashley was so proud. Mom's vase wasn't exactly the same, but it still looked lovely on the new blue shelf.

Carefully Mom took the sheet off the wall. There was the blue shelf with the candlesticks, and the photo, and the trophy, and ... MOM'S BEST VASE.

Mom clapped her hands. "You glued it back together!" she exclaimed. "It's as good as new. It's better than new. It's the best present I ever got," she said, giving Ashley a big hug.

Ben also gave Ashley a hug. "You're very clever!" he said. "You've saved Mother's Day."

Kusukela ekhasini le-14.

"Ngiyabona!" esho ememeza. "Kufana nesiphico esimazombe. Kuneningi lezicucu ezikwazi ukuhlangana ndawonye. Okokuqala ngizothola zonke lezi ezinonqenqema oluqondile. Lezo kufanele kube ngezomlomo wevasi. Lesi siqephu esikhulu sinisibambo, ngakho kumele kube wuhlangothi lwayo. Futhi kufanele kube nesinye isibambo – awuzwe-ke nasi."

Ngenkathi esezendale phansi zonke izicucu zalandelana ngendlela efanele waqala ukuzihlanganisa ndawonye ngesinamathelisi. Kwakungumsebenzi onzima. Isinamathelisi sanamathela eminweni yakhe, kanti kwakufanele alinde izicucu ukuthi zome. Kwathatha isikhathi eside.


Ekugcineni yaphela ivasi. Yayingafani *ncamashi* nalena endala. Lena yayineguludla elihlekisayo ohlangothini olulodwa, umlomo wevasi wawuthe ukutsheka kancane, kodwa u-Ashley wayazi ukuthi uMama wayengeke akwazi ukuwubona lowo mehluko.

U-Ashley wabuka ngaphandle kwefasitela. Umakhelwane wabo, uNkk Du Toit, wayenisela imifino yakhe. UNkk Du Toit wayehlakaniphe kakhulu futhi engakhanda noma yini. U-Ashley wagijima waqonda othangweni. "Ngiyacela, ungangiboleka isikulufu esisodwa bese ungisiza ngilungise ishalofu?" kubuza yena, wase etshela uNkk Du Toit lonke udaba.

"Kulungile," kusho uNkk Du Toit. "Ngizozakhona manje."

UMama wavuka ngehora lesi-9 nqo ezimpondweni. Wayesadabuke kabi. Wathola u-Ashley elele zwi kusofa, kanti kwakukhona ishidi elemboze okuthile obondeni.

"Ubuwenzani ekuseni nje, Ashley?" kubuza yena.



Yisipho esihle kakhulu kwesengake ngazithola," kusho yena, ebamba u-Ashley emnkonkoshela kakhulu.

NoBen wabamba u-Ashley emhaga kakhulu. "Uhlakaniphe kakhulu wena!" kusho yena. "Ulusindisile USuku LukaMama."

U-Ashley wayeziqhenya kakhulu. Ivasi kaMama yayingasafani ncamashi, kodwa yayisabukeka iyinhle eshalofini elisha eliluhlaza okwesibhakabhaka.

"Kuzokumangaza!" kumemeza u-Ashley. "Ngikufisela Usuku LukaMama Olunentokozo. Isipho sakho singemuva kweshidi."

UMama waphenya ngokucophelela ishidi obondeni. Kwakukhona ishalofu eliluhlaza okwesibhakabhaka elinezindukwana zamakhandlela kanye nesithombe, nendebe, kanye ne ... NEVASI KAMAMA EPHAMBILI.

Umama washaya izandla. "Uyinemathisele wayibuyisela ndawonye!" ebabaza. "Inhle sengathi yintsha. Ingcono kunentsha.

# Nal'ibali fun Okokuzithokozisa kwakwaNal'ibali

Can you imagine where these Nal'ibali characters got caught reading? In each block, draw the place where you think the children are reading.

Ungacabanga nje ukuthi batholakalephi befunda laba balingiswa bakwaNal'ibali? Ebhulokhini ngalinye, dweba indawo lapho ocabanga ukuthi izingane zifunda khona.



1.



2.



3.



4.



Looking for audio stories for your children? Visit [www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi) and go to the "Audio stories & downloads" section for audio stories in different languages to play on your cellphone!



Visit us on Facebook:  
[www.facebook.com/nalibaliSA](http://www.facebook.com/nalibaliSA)  
Sivakashela ku-Facebook  
ku-[www.facebook.com/nalibaliSA](http://www.facebook.com/nalibaliSA)

Ngabe ufunela izingane zakho izindaba ezilalelwayo? Vakashela ku-[www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi) bese uya engxenyeni ethi, "Audio stories & downloads" ukuthola izindaba ezilalelwayo ngezilimi ezahlukene ukuze uzidlale kumakhalekhukhwini wakho!

Produced for Nal'ibali by the Project for the Study of Alternative Education in South Africa (PRAESA) and Tiso Blackstar Education. Translation by Dumisani Sibiya. Nal'ibali character illustrations by Rico.

Daily Dispatch

The Herald

Sunday Times

SW  
Sunday  
World



Drive your  
imagination